



agriculture & rural development

Department:
agriculture
& rural development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

ISILO SIZIBOPHEZELE EKUSEBENZISANENI NOMNYANGO EKUTHUTHUKISENI IZINDAWO ZASEMAKHAYA

SETHULA inkulumo yaso ebesiyibhekise kuNdunankulu waKwaZulu-Natal, amalungu eSishayamthetho nesizwe sonkana ngoLwesine mhlaka 26 Febhuwari 2015, Isilo samaBandla sinxuse ukusebenzisana ngokubambisana ukuze kufezeke izinhloso zezolimo nentuthuko yasezindaweni zasemakhaya esifundazweni.

Ingonyama ithe uhulumeni wesiFundazwe kumele ubophe uqinise amaxhama okubambisana nobuKhosi kanye namakhosi ezizwe ezakhele eKwaZulu-Natal ukuze kube nezithelo ezibonakalayo ekuthuthukisweni kwemiphakathi yasemakhaya.

Iphawula mayelana nezolimo Ingonyama ithe kumele uMnyango wezolimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya uqhubeke nokusebenzisana nomphakathi kanye nobuKhosi ukuze izinhloso zawo zihlale njalo zithola ukwesekwa yizinhloso ezifanele. Ongangezwe Lakhe uthe kusemandleni kaNgqongqoshe waloMnyango ukuba kuhlanganiswe abalimi abamnyama kanye nabamhlophe ukuze babe nombono owodwa.

Inkulumo yeSilo iqhamuke esikhathini lapho umNyango ngokubambisana nokazwelonke wokuBuyiswa koMhlaba nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya umatasatasa nemihlangano ebandakanya amakhosi kanye nomasipala lapho kudingidwa khona ngezinhlelo zokubuyiswa kanye nokuthuthukiswa komhlaba.

Inhloso yaloluhlelo wukukhethwa kwamakomidi ezingeni loMasipala beziFunda okuzoba yiwo azophatha uhlelo lokufakwa kwezicelo zokubuyiswa kwemihlaba njengoba lolu hlelo selubuya ihlandla lesibili.

Ukubandakanyeka kwamakhosi ezinhlelweni zolimo, uNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya, uMnuz Cyril Xaba, ukholwa ukuthi yikhona okuyokwenza intuthuko yasemakhaya ifike ngesivinini esiphezulu emiphakathi yasezabelweni.

Unonkosi ukholelwa ukuthi amakhosi aneqhaza elikhulu azolibamba kuloluhlelo, lapho khona ezoqinisekisa intuthuko emhlabeni obuyele kubantu kwazise ingxenye enkulu yomhlaba owathathwa ngowabantu abasezindaweni ezingaphansi kwamakhosi.

Lokhu kuhamba emagameni eSilo njengoba sithe akusiyo imfihlo umhlaba okuthiwa ngowasemakhaya kanye nabantu laba okumele bathuthukiswe batholakala ezindaweni zobuKhosi.

Isilo sikhuthaza uMnyango ukuthi uqinisekise ukuthi kuyalinywa izwe libe luhlaza nokuthi kube khona intuthuko ebonakalayo ezindaweni zasemakhaya. Lokhu kuyofezeka uma kunokubambisana phakathi koMnyango naMakhosi, "kuphetha Isilo samaBandla.



MEC for KwaZulu-Natal Agriculture and Rural Development, Mr Cyril Xaba, arriving at opening of the KZN Legislature



MEC Cyril Xaba walking on the red carpet with KZN MPL Blessed Gwala



**His Majesty the King Goodwill Zwelithini kaBhekuzulu
arriving at the opening of the KZN Legislature**



His Majesty the King Goodwill Zwelithini kaBhekuzulu taking the salute



MEC Cyril Xaba during the sitting



Group photo of KZN MPLs, Members of the Executive Council, Premier and His Majesty King Goodwill Zwelithini kaBhekuzulu



MEC Cyril Xaba having a light moment with KZN MPL Bheki Ntuli